Ukwamukela Umbuso Ongenakunyakaziswa

NGESABATHA NTAMBAMA

Kuleliviki Funda ku: *Heb. 12:18-29; Eks. 32:32; Daniyeli 7:9, 10, 13-22; Hagayi 2:6-9, 20-22; iHubo 15:5; iHubo 16:8; Heb. 13:15, 16.*

Indimana Yekhanda: **"Ngakho-ke lokhu samukeliswa umbuso ongenakunyakaziswa, masibonge ngesingamkhonza ngakho uNkulunkulu ngokumthokozisa, nangokumhlonipha, nangokuthuthumela"** *(Heberu 12:28, NKJV)***.**

AmaHeberu 12:18-29, izindimana zaleliviki, yisiqongo salencwadi, futhi zigoqa okuyiyona ngqikithi ngokuphinda lomqondo okwakuqalwe ngawo wokuthi: uNkulunkulu ukhulume nathi ngeNdodana yaKhe, sidinga ukuqaphelisisa akushoyo (*Heb. 1:1, 2; Heb. 12:25)*. Ukuchazwa kukaJesu kumaHeberu 12:22-24 kusinika isibonelo sokushiwo yilencwadi ngaYe: uJesu unguMlamuleli wesivumelwano esisha, kanti igazi laKhe linika abakholwayo ukusindiswa. Inkonzo yaKhe yobupristi nobukhosi ngenxa yethu yisizathu sokuthi senze umgubho. Okokugcina, incwadi yamaHeberu 12:25-29 iphethe isixwayiso sokugcina esithi: ukwahlulela kukaNkulunkulu kuyeza. Kuyoletha incithakalo ezitheni zaKhe, kodwa abantu baKhe liyobavuna icala, banikwe umbuso *(Heb. 12:28, 29)*.

Isiphetho siqinisa ukubaluleka kwalokho okwafezwa nguJesu esiphambanweni, sitshengise abazalwane ukupheleliswa kokunqoba kukaJesu. UPawulu wasebenzisa imifanekiso ethathwe kuDaniyeli 7 ukukhumbuza abafundayo ukuthi uJesu wamukele umbuso kuNkulunkulu, onguMahluleli *(Dan. 7:9-14)*, kanti uzokwabelana ngalowo mbuso nabakholwayo, "abangcwele boPhezukonke," kube ngowabo kuze kube phakade *(Dan. 7:18)*.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNdasa 19.*

Nifike Entabeni YeSiyoni

Funda: kumaHeberu 12:22-24. Uchazani lapha uPawulu?

_____

_____

EyamaHeberu iyaqinisa ukuthi sifike entabeni yaseSiyoni, nokuthi sinesabelo kuwona umgubho omkhulu. "Kodwa nize entabeni yaseSiyoni nasemzini kaNkulunkulu ophilayo, iJerusalema lasezulwini, nasezigidigidini zezingelosi, ukuzohalalisa" *(Heb. 12:22, ESV)*. Sifike ngokukholwa kulowo osimele, uJesu. Kulokhu kuhalalisa sithola izigidigidi zezingelosi, uNkulunkulu uqobo, noJesu okunguYena uSingaye. Siza njengenxenye "yebandla lamazibulo abhaliwe ezulwini" *(Heb. 12:23, ESV)*. Amagama ethu abhaliwe ezincwadini zasezulwini lapho kuhleliswe khona abantwana bakaNkulunkulu *(Eks. 32:32, iHubo 56:8, Dan. 12:1, Mal. 3:16, Luka 10:20, iSamb. 13:8, iSamb. 17:8)*.

Singama "zibulo" ngoba sinesabelo efeni "leZibulo elinguJesu *(Heb. 1:6)*. Kanjalo-ke asizile njengezimenwa, kodwa njengezakhamuzi *(qhathanisa nabaseFilipi 3:20)*. Futhi sibizwa ngokuthi "imimoya yabalungileyo abaphelelisiweyo" *(Heb. 12:23, ESV)*. Lamazwi ayisaga lapho inxenye yemvelo yethu yobuntu imele konke. Sifana nokuthi "uYise wawomoya" kumaHeberu 12:9, okubhekise kuNkulunkulu njengoBaba wethu sonke thina bantu abaphila ngokukamoya.

Lomhlangano wokuhalalisa ugubha ukumiswa kombuso kaJesu wobukhosi, inkonzo yaKhe yobupristi, kanye nokuqala kokusebenza kwesivumelwano esisha. KumaHeberu, intaba yaseSiyoni indawo lapho kwenzeka khona zonke lezi zinto. AmaHubo amathathu kumaHeberu 1:5-14 achaza ukuhlaliswa esihlalweni sobukhosi kweNdodana, intaba yeSiyoni kuyilapho kwenzeka khona lokho *(iHubo 2:6, 7; iHubo 110:1, 2, iHubo 102:21-27)*.

Intaba yaseSiyoni futhi kulapho iNdodana ibekwa khona ibe ngu"mpristi waphakade" *(Heb. 5:6)*, isicaphuno seHubo 110:4. Ngokusho kweHubo 110, ukubekwa kweNdodana njengoMpristi oMkhulu kwenzeka entabeni yaseSiyoni nakho *(iHubo 110:2)*. Ekugcineni, eyamaHeberu ithi ukugcotshwa kukaJesu abe ngumpristi kwaba yisiqalo sokusebenza kwesivumelwano esisha *(Heb. 7:11-22)*. Kanjalo-ke, intaba yeSiyoni kulapho isivumelwano esisha saqiniswa khona. AmaHeberu 12:22-24 ngakhoke achaza ukuhlangana kokuhalalisa okwenzeka ezulwini mhla uJesu enyukela khona.

Yiziphi izindlela ezibonakalayo esingagubha ngazo ubuqiniso bukaJesu, inkonzo yaKhe yobupristi, nesivumelwano esisha empilweni yethu nasekukhonzeni kwethu? Ukuthokoza ngaleliqiniso elikhulu kukukhuthaza kanjani ukukholwa?

_____

Nifike kuNkulunkulu, uMahluleli Wabo Bonke

Funda: kumaHeberu 12:23. Uma kungukugubha lokhu, yini pho uNkulunkulu ebizwa ngokuthi uMahluleli? UMahluleli angaba kanjani yinxenye noma isizathu sokuhalalisa? Funda nakuDaniyeli 7:9, 10, 13-22.

_____

_____

Umgubho ochazwe kumaHeberu 12:22-24 ukhomba ekwahlulelweni okuzayo. UNkulunkulu, uMahluleli, uyobe ehlezi esihlalweni, kusetshenziswe izincwadi, umphumela ovela ezincwadini walokho kwahlulela okuzayo kuyokuba ukwamukeliswa kwabantu bakaNkulunkulu umbuso *(Heb. 12:28)*.

Lombono usikhumbuza ngokwahlulela okukhulu okwenzeka engakabuyi uJesu, okuchazwe ku Daniyeli 7, lapho kubonakaliswa ukwahlulela lapho uNkulunkulu "uMdala weziNsuku" *(Dan. 7:9)*, ehlezi esihlalweni sobukhosi somlilo, ezungezwe "yizigidi zezigidi" *(Dan. 7:20)* zezingelosi. Zavulwa izincwadi *(Dan. 7:10)*, ukwahlulela kwavuna "abangcwele boPhezukonke," base bethatha umbuso." *(Dan. 7:22)*.

Ngendlela efanayo, amaHeberu 12:22-29 achaza ukwahlulela entabeni yaseSiyoni, iJerusalema lasezulwini, lapho uNkulunkulu uMahluleli wabo bonke, ezungezwe "yizigidigidi" zezingelosi *(NIV)*. Nalapho ukhona umlilo *(Heb. 12:29)*. Kukhona nezincwadi, ngoba abangcwele babhaliwe kuzo (Heb. 12:23, ESV), okusho ukuthi ukwahlulela kuyabavuna.

UJesu uphakathi naphakathi kwakho konke lokhu *(Heb. 12:24)*. Uchazwa njengeNdodana yoMuntu kumaHeberu 2, owathweswa umqhele ngenkazimulo nodumo eseke wezwa ukufa ngenxa yethu *(Heb. 2:9, ESV)*. ngokusho kwamaHeberu 2:10, "iNdodana yoMuntu" (bheka amaHeb. 2:6 yahlushwa ukuze izoletha "amadodana amaningi enkazimulweni" *(ESV)*; okusho ukuthi, ukuze abakholwayo bathweswe inkazimulo nodumo nabo. "INdodana" manje seyilethe abakholwayo eSiyoni, iJerusalema lasezulwini, ngokuhle kwesithembiso esisha *(Heb. 12:22-24)*, lapho bethenjiswe ukunikwa umbuso *(Heb. 12:28)*.

Lokhu kwahlulela kuyizindaba ezimnandi kwabakholwayo ngoba kuvuna bona. Ukwahlulela okwehlula isitha sabo, udrago, okunguyena ongemuva kwezilo ezesabekayo ebezihlupha abakholwayo esikhathini esedlule *(Daniyeli 7)*, futhi esiyobahlupha nakwesizayo *(iSambulo 13)*.

Lokho esikufunda namhlanje kusisiza kanjani ukuqonda ukuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu esigijimini sezingelosi ezintathu "izindaba ezimnandi" zalesi sikhathi *(iSambulo 14:6, 7; qhathanisa no Duter. 32:36; 1 IziKronike 16:33-35)***?**

_____

Ukunyakazisa Amazulu Nomhlaba

Esechaze umgubho wokuhalalisa owenzeka ezulwini, uPawulu uxwayisa abafundayo ukuthi badinga ukuqaphela izwi likaNkulunkulu ngoba uNkulunkulu uzonyakazisa futhi …hhayi umhlaba kuphela, kodwa namazulu *(Heb. 12:26, ESV)*. UPawulu uthi nakuba uJesu ehlezi esihlalweni sobukhosi ezulwini, usindiso lwethu alukapheleliswa. Sidinga ukuqaphela ngoba isigameko esibalulekile sisazokwenzeka.

Qhathanisa **uHagayi 2:6-9, 20-22; iHubo 96:9, 10; iHubo 99:1, namaHeberu 12:26, 27. Yini injongo kaNkulunkulu ngokunyakazisa amazulu nomhlaba? Kusho ukuthini lokhu?**

_____

_____

ETestamenteni eliDala, ukunyakaziswa komhlaba kwakuyinto ejwayelekile etshengisa ubukhona bukaNkulunkulu, oqhamuka ukuzokhulula abantu baKhe. Ngesikhathi uDebora noBaraki belwa noSisera, uNkulunkulu wabalwela esezulwini *(AbaHluleli 5:20)*. Lokhu kuchazwa njengokuzamazama okukhulu komhlaba, ukunyakaza komhlaba nezintaba ngenxa yobukhona bukaNkulunkulu *(AbaHluleli 5:4, 5)*. Sithola ukuthi lokhu kuyaphindaphindeka kulo lonke iTestamente eliDala uma uNkulunkulu ezokhulula abacindezelwe *(iHubo 68:7, 8; iHubo 60:2; iHubo 77:17, 18)*. Ngakhoke, ukunyakaziswa kwaku uphawu lokwahlulela kukaNkulunkulu, etshengisa igunya laKhe phezu kwabantu basemhlabeni. Abaprofethi basho ukuthi kuzokwenzeka lokhu ngoSuku lweNkosi *(Isaya 13:13, Isaya 24:18-23)*.

KumaHeberu, "ukunyakaziswa" kwezulu nomhlaba kusho ukuchithwa kwezitha zikaNkulunkulu. Yikho lokhu uNkulunkulu akwethembisa ngesikhathi sokugcotshwa kukaJesu. UNkulunkulu wathi kuYe: "Hlala ngakwesokunene saMi ngize ngenze izitha zaKho isenabelo sezinyawo zaMi" (*Heb. 1:13, ESV)*. kanjalo-ke, uJesu usinqobile isitha *(Heb. 2:14-16)* wethweswa umqhele *(Heb. 1:5-14)*, kodwa izitha azikabhujiswa *(Heb. 10:11-14, 1 Korinte 15:23-25)*.

Kodwa uNkulunkulu uzozibhubhisa lezitha esikhathini esizayo, lapho ezonyakazisa khona amazulu nomhlaba. Ukunyakaziswa kwamazulu nomhlaba kusho ukubhujiswa kwamandla asemhlabeni, lawo ahlupha abantu bakaNkulunkulu, kanti okubaluleke kakhulu, ukuchithwa kwamandla asezulwini (uSathane nezingelosi zakhe) okuyibona abakhwezela amandla asemhlabeni, bewalawula.

Kungani isithembiso sokuthi ngelinye ilanga kuyokwenziwa ubulungiswa, nokuthi ububi obekulokhu bukhona emhlabeni ngelinye ilanga buyopheliswa, siyisithembiso sethemba elingaka kithina sonke, kakhulukazi labo abahlukumezekile ezandleni zababi?

Umbuso Ongenakunyakaziswa

UNkulunkulu wamemezela ukuthi "uyonyakazisa" amazulu nomhlaba, okusho ukuthi uyochitha izizwe eziyizitha. Kodwa kukhona izinto ezingeke zinyakaziswe, ezingeke zibhujiswe.

Quathanisa iHubo 15:5, iHubo 16:8, iHubo 21:7, iHubo 62:2, iHubo 112:6, namaHeberu 12:27. Yiziphi izinto ezingeke zinyakaziswe?

_____

_____

Izihumusho eziningi zesimanje zencwadi yamaHeberu 12:27 zithi ukunyakaziswa kwamazulu nomhlaba kusho ukuthi ayosiphulwa, angaphinde abekhona.

IBhayibheli lisobala kodwa, ngokuthi uNkulunkulu uyodala amazulu amasha nomhlaba omusha *(Isaya 65:17, iSambulo 21:1-4)*, nathi siyovuswa, sibe nemizimba emisha *(1 Thesalonika 4:13-17, Filipi 3:20)* kulomhlaba. Ngakhoke, "ukunyakaziswa" kusho ukuhlanjululwa nokwenziwa busha kwendalo, hhayi ukusiphulwa kwayo. Okukhona manje kuyokwenziwa kabusha, kube lapho abasindisiwe beyohlala khona.

Kukhona izinto ezithile ezingeke zinyakaziswe. Lokho kuhlanganisa nabalungileyo. Ngeke banyakaziswe ngoba bathemba kuNkulunkulu. UMdali uyabaphasa, aqinisekise ukuphila kwabo.

Qaphela ukuthi kumaHeberu, ukuhlala njalo nokuzinza, kuhlanganiswe noJesu. AmaHeberu 1:10-12 athi ngoJesu: "Wena Nkosi, ekuqaleni wabeka isisekelo somhlaba; amazulu angumsebenzi wezandla zaKho, wona ayakubhubha, kepha Wena umi njalo, wona onke ayakuguga njengengubo. Njengesambatho uyakuwagoqonga, njengengubo ayakuguquka. Kepha wena unguYE njalo, iminyaka yakho ayiyukuphela" *(ESV)*. AmaHeberu abuye athi ubupristi bukaJesu buhlezi ngonaphakade *(Heb. 7:3, 24)*. Ekwahlulelweni kokugcina, yilabo "abakuJesu" abangeke banyakaziswe *(iHubo 46:5)*.

AmaHeberu 12:28 aphinde athi siyokwamukela umbuso ongeke unyakaziswe. Lokhu kubhekise kuDaniyeli 7:18, lapho kuthiwa khona "abangcwele bayokwamukeliswa umbuso, ube ngowabo kuze kube phakade." Lowo umbuso ongasoze uchithwe okukhulunywa ngawo kuDaniyeli 2:44. Lombuso oweNdodana, kodwa iyokwabelana ngawo nathi. ISambulo 20:4 sithi siyokwahlulela kanye naYe amandla obumnyama ayekade esihlukumeza *(1 Korinte 6:3)*.

Kunjani kuwena mayelana nokunyakaziswa? Uma kungekuhle, ungenza ziphi izinqumo ukuze uthole usizo ngaloludaba olubalulekile? *(bheka kwabaseEfesu 4:14)***.**

Asibonge

Incwadi yamaHeberu iphetha lesigaba ngokuthi ukusabela okufanelekile kuNkulunkulu ngazo zonke izinto ezimangalisayo asenzele zona, ukuthi sitshengise ukubonga ngokuthi simdumise ngendlela efanelekile.

Qhathanisa amaHeberu 12:28 namaHeberu 13:15, 16. Simnika kanjani uNkulunkulu ukudumisa okwamukelekile na?

_____

_____

Ohlelweni lwesivumelwano esidala, umhlatshelo wezilwane kwakuyiyona ndlela abantu ababetshengisa ngayo ukuphenduka nokubonga, kodwa lemihlatshelo yayi uphawu-nje lokubonga nokuphenduka okusenhliziyweni yalowo okhonzayo. Ngakhoke, uNkulunkulu wakwenza kwaba sobala kweyamaHubo nangabaprofethi ukuthi okuyiyona-nto emthokozisa ngempela, akulona igazi lezilwane, kodwa ukubonga, izenzo ezinhle, nokulunga kwalabo abakhonzayo *(iHubo 50:7-23, Isaya 1:11-17)*

Ngakhoke, uPawulu uyasimema ukuthi sikhonze uNkulunkulu ethempelini lasezulwini ngokuthi sinikele ngeminikelo yokudumisa, ukuvuma izono, ukubonga, nemisebenzi emihle okungukukhonza kweqiniso okumthokozisayo. Sinikela lemihlatshelo emhlabeni, kodwa yamukeleka njengethokozisayo kuNkulunkulu ezulwini. Lesikhuthazo sihlanganisa lonke ubizo olwenziwe ngumbhali kuyo yonke lencwadi ukuthi kuvunywe igama likaJesu *(Heb. 3:1, Heb. 4:14, Heb. 10:23)* nokunxusa kwaKhe ukuthi asiqhubeke nokwenza imisebenzi emihle *(Heb. 6:10-12, Heb. 13:1, 2, 16)*.

Isimemo sikaPawulu kwabafundayo ukuthi (banikele kuNkulunkulu ukukhonza okwamukelekile" *(Heb. 12:28, ESV)* kusho ukuthi abazalwane manje bayisizwe sobupristi ngempela esiphelelisiwe sangcweliswa ngomhlatshelo kaJesu *(Heb. 10:10-14, 19-23)*. Lokhu kugcwalisa injongo yokuqala kaNkulunkulu ngoIsrayeli, ukuthi uyokuba yisizwe sobupristi ayomemezela ngaso izindaba ezinhle zosindiso emhlabeni *(Eks. 19:4-6; 1 Petru 2:9, 10; iSamb. 1:6; iSamb. 5:10)*.

AmaHeberu 13:1-6 achaza ngendlela ebonakalayo ukuthi kuyini ukwenza okuhle nokwabelana ngalokho esinakho. Kusho ukutshengisa uthando lobuzalwane, njengoba noJesu watshengisa uthando kithina *(Heb. 2:11, 12)*. Kusho ukungenisa izihambi kwakho, ukuvakashela abasemajele, noma abahlukunyeziwe *(Heb. 13:3)*, nokungavumi ukuphinga nobugovu.

Kubaluleke ngani ukuthatha imisebenzi emihle nokwabelana ngesinakho njengenxenye yokukhonza kwethu uNkulunkulu na? Kusenjalo, yiziphi izindlela imihlatshelo yethu yokukhonza engonakala ngazo *(Isaya 1:11-17)***?**

_____

Ukujula Nomcabango: “Eminyakeni eyinkulungwane, ephakathi kovuko lokuqala nolwesibili, kuyoqhubeka ukwahlulelwa kwababi. Umphostoli Pawulu uthi lokhu kwahlulela kuyolandela ukubuya kukaJesu. “Ngakho-ke ningahluleli lutho singakafiki isikhathi, ingakafiki iNkosi eyakukuveza ekukhanyeni okufihlakeleyo kobumnyama, iveze obala izizindlo zezinhliziyo.” 1 Korinte 4:5. UDaniyeli uthi uma uMdala weziNsuku esefikile, “ukwahlulela kwanikwa abangcwele boPhezukonke.” Daniyeli 7:22. Ngalesikhathi abalungileyo babusa njengamakhosi nabapristi kuNkulunkulu. UJohane kuSambulo uthi: “Ngabona izihlalo zobukhosi, bahlala kuzo, ukwahlulela kwanikezwa bona.” “Bazokuba ngabapristi bakaNkulunkulu nabakaKrestu, babuse naYe iminyaka eyinkulungwane.” Isambulo 20:4, 6. Kungalesi sikhathi lapho, njengoba washo ngaphambili uPawulu, abangcwele bayokwahlulela izwe.” 1 Korinte 6:2. Ngokuhlangana noKrestu, bahlulela ababi, beqhathanisa izenzo zabo nokusencwadini yomthetho, iBhayibheli, bahlole icala ngalinye ngokwezenzo ezenziwa emzimbeni. Bese-ke isijeziso okufanele basithole ababi siyakhishwa, ngokwemisebenzi yabo; ngokubhalwe emagameni abo encwadini yokufa.

“NoSathane kanye nezingelosi zakhe ezimbi bayahlulelwa nguKrestu nabantu baKhe UPawulu uthi: “Anazi yini ukuthi siyokwahlulela izingelosi?” Indimana 3 UJuda athi: “Nezingelosi ezingagcinanga ubukhosi bazo, kodwa zalishiya ikhaya lazo, izigcinele ukulahlwa kosuku olukhulu ngezibopho ezimiyo phansi kobumnyama bokwahlulelwa ngosuku olukhulu.” Juda 6—Ellen G. White, *The Great Controversy*, pp. 660, 661.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ **Ukuthi abangcwele banesabelo ekwahlulelweni kwababi** *(1 Korinte 6:3, Juda 6)* **kusitshelani ngoNkulunkulu nokweneka obala indlela ahlulela ngayo, ebonakalisa ukulunga kwaKhe ngokuthi usiphathe kanjani isono nobubi?**

❷ **Funda kuEksodusi 32:32, iHubo 56:8, iHubo 69:28, iHubo 139:16, Isaya 4:3, Daniyeli 12:1, Malaki 3:16, Luka 10:20, iSambulo 13:8, neSambulo 17:8. Lezindimana zikhomba izincwadi zikaNkulunkulu ezisezulwini. Yizinto ezinjani ezibhalwe kulezincwadi? Kubaluleke ngani ukuthi uNkulunkulu agcine umlando wezinyembezi zethu *(iHubo 56:8)*? Uma uNkulunkulu azi yonke into, zinalusizo luni lezincwadi noma umlando?**

❸ **Ucabanga ukuthi kubaluleke ngani ukuthi incwadi yamaHeberu iphetha ngokuxhumanisa nezithembiso zikaDaniyeli 7? Kubaluleke ngani lokhu kuxhumana uma sibheka inkonzo kaJesu ezulwini? UDaniyeli 7 usifundisani ngesiphelo sazo zonke izinto zasemhlabeni neziwileyo na?**